# *Ephila, Efa, Embelwa, Evuka, Eza*

Kungaphambili nje kwanoma yini ebesingayizwakalisa ngezilwimi zabantu, ukuthi izinhliziyo zethu zizwa kanjani, namhlanje, njengoba sibuthana lapha kulokhu okunesizotha kakhulu, ukusa okungcwele. Lokhu ukusa kumele isikhathi lapho inkolo yethu yenziwa yaba yiyo ngempela, ngoba kwakungukuvuka futhi koMntwana waKho oyigugu Owafikela ukuzohlenga isintu sonke. Futhi silapha kulokhu ukusa emgubhweni, walokho okukhulu, ukunqoba okukhulu, Nkosi, okwasenza saba ngaphezu kwabanqobi kukho kokubili ukufa, isihogo nethuna. Futhi siyaKubonga ukuthi, emva kokuba sekwedlule yonke leminyaka, sisalokhu sibuthana kuse eli ekuseni ngalokhu ukusa kwePhasika, ukuzoMkhonza, ngoba sikholwa ukuthi Uzakubuya futhi.

2 Futhi sizokhulekela ukuthi Uzosithethelela zonke izono zethu neziphambeko zethu esiqoshwe samelana nathi, njengoba ngokuzithoba sivuma iphutha lethu, futhi semukela ukubuyisana kwaKhe ngenxa yezono zethu. Phulukisa ukugula okuphakathi kwethu, Nkosi. Sisize njengoba sifunda iZwi laKho eliNgcwele, eliyisisekelo sawo onke amaQiniso Osishiyele wona ukuba siphile ngawo futhi sikholwe.

3 Futhi asikhulekeli kuphela leliqembu elibuthene lapha, kodwa emhlabeni wonke jikelele, ngokuba sibheke ngamehlo amagange nezinhliziyo ezilangazelele ukubuya kwaKhe. Simi namuhla ebumnyameni, enxushunxushwini, ukuthi lapho, cishe impela nganoma yisiphi isikhathi, ukuthi olunye uhlanya lungahle luqhumise ngenye into, futhi luphendule inkinobho encane, futhi umhlaba wonke ungaqhunyiswa ube yizicucu. Njengoba sikutshelwe yiziphathimandla ezinkulu, ukuthi, impi iyoba yinde ngamahora ambalwa kuphela, uma ike iphinde yenzeke futhi. O! Njengoba, simi namhlanje kulo impela unqenqema lwenye impi. Manje-ke, iBandla limi onqenqemeni, lokho kuvuka okuyigugu okukhulu kakhulu, ngokuba siyohlwithwa kanyekanye nabangcwele abalele, ukuba sihlangabeze iNkosi emoyeni, futhi sibe naYo phakade.

4 Size ukuzokhonza Wena, Nkosi. Futhi semukele namhlanje. Busisa ukufundwa kweZwi laKho, ukuculwa kwamaculo, ukushunyayelwa kweVangeli, yemukela imikhuleko yozisolayo. Yizwa umkhuleko ngabagulayo, futhi uthole udumo oluya kuWe uqobo, ngokuba sikucela ngokuzithoba eGameni likaJesu, iNdodana yaKho. Amen.

5 Kinina eningathanda ukuthatha lapho esizofunda khona kulokhu ukusa, okwemiBhalo yethu . . .

6 Futhi siyaxolisa ukuthi—ukuthi ukwazi ukuthi asinayo indawo yokuhlala yaleliqembu elihle labantu ofike kuse eli kulokhu ukusa ukuzokhonza kanye nathi, abavela emabandleni ehlukene nasezifundeni ezehlukene, futhi ngisho nasezizweni ezehlukene, sibuthene kulokhu ukusa lapha eTabernakele, ngalokhu ukukhonza kweNkosi okukhazimulayo kakhulu kweNkosi.

7 Ngifisa ukuba niphenye eNcwadini yamaHubo, amaHubo 22. Ngiyazi ukuthi kunalokho lena yindawo engejwayelekile ukufunda kuyo, kwenzelwa inkonzo yePhasika, kodwa uNkulunkulu ungongejwayelekile.

8 Futhi manje emva kwalenkonzo, sizothi ukuhlaba ikhefu cishe ihora elilodwa, ukuze nikwazi ukuhamba niye ekudleni kwenu kwasekuseni. Bese kuthi-ke inkonzo kaSonto sikole izoqala ligamenxe elesishiyagalolunye. Bese kuthi-ke masinyane emva kwenkonzo yangeSonto, kuzobakhona inkonzo yombhaphathizo lapha e—echibini. Bese kuthi-ke kulentambama, ngelesithupha nqo, amakhadi omkhuleko azokhishelwa inkonzo yokuphulukisa, yalobubusuku. Futhi uma ninabathandekayo ogulayo nodingayo, nikhumbule ukubakhipha kulobubusuku, futhi, ngokuba lesi kuzoba yisikhathi sokugcina esingaba nale okwe—okwesikhashana, empeleni. Ngiyahamba ekuseni, ngelesihlanu nqo, ngiya eLos Angeles futhi ngidlule eWest Coast, okochungechunge lwezinkonzo.

9 Manje emaHubweni 22, sizakufunda.

> *Nkulunkulu wami, Nkulunkulu wami, ungishiyeleni na? yini ukuba ubekude nokusindiswa kwami,. . . amazwi okububula, kwami na?*
>
> *. . .Nkulunkulu wami, ngikhala emini, kepha awuphenduli; nasebusuku, ngingabi-nakuthula.*
>
> *Kepha wena ungongcwele, Ohlezi ezibongweni zika-Israyeli.*
>
> *Obaba bethu babekwethemba: babethemba wena wabakhulula.*
>
> *Bakhala kuwe, bakhululwa: bethemba wena, abaze bajabha.*
>
> *Kepha mina ngiyimpethu, angisiye umuntu; ngiyisithuko sabantu,. . .yindelelo yabantu.*
>
> *Bonke abangibonayo bayangiklolodela: baphukule imilomo,* futhi *banikine amakhanda, bathi,*
>
> *Wethemba oyiNKOSI makamsindise: amkhulule, njengokuba* emthanda.

*Kepha uwena ongiphumisile esizalweni: wangethembisa ngisemabeleni kamame.*

*Ngaphonswa phezu kwakho kwasesizalweni: unguNkulunkulu wami kwasesiswini sikamame.*

*Ungabi kude nami; ngokuba inkathazo iseduze; nosizayo akakho.*

*Izinkunzi eziningi zingibunganyele: izinkunzi ezinamandla zaseBashani zingi*zungezile.

*Zingikhamisele umlomo yazo, njengengonyama edwengulayo ne . . . bhodlayo.*

*Ngichithiwe njengamanzi, . . . onke amathambo ami enyele: inhliziyo yami injengengcina; incibilikile phakathi kwezibilini zami.*

*Amandla ami omile njengodengezi; . . . ulimi lwami lunamathela olwangeni lwami; ungibeka othulini* lomhlaba.

*Ngokuba izinja ziyangibunganyela:* imibonda *wababi ungizungezile: izandla zami nezinyawo zami bazibhobozile.*

*Ngingabala onke amathambo ami:* ukuthi *bayabukela bangibuke bangiklibhizele.*

Babelane *izingubo zami, . . . benzelana inkatho ngesambatho sami.*

. . . ungabi *kude nami, O Nkosi: . . . mandla ami,* shesha *ungisize.*

*Sindisa umphefumulo wami enkembeni; ukuphila kwami emandleni enja.*

*Ngisindise emlonyeni wengonyama: ungizwile wena ezimpondweni* zenyathi.

*Ngiyakushumayeza abafowethu igama lakho: ngikudumise phakathi kwebandla.*

Ya . . . *Nina enesaba oyiNkosi, mbongeni; nina nonke* zinzalo *kaJakobe, mdumiseni; nimesabe, nina nonke,* zinzalo *ka-Israyeli.*

*Ngokuba akadelelanga akanengwanga yinhlupheko . . . akamfihlelanga ubuso bakhe; kepha nalapho ekhala kuye, wezwa.*

*Kuyakuvela kuwe ukudumisa kwami ebandleni elikhulu: izifungo zami ngozikhokha phambi kwabamesabayo.*

*Abamnene bayakudla basuthe: abafuna oyiNkosi bayakumdumisa: inhliziyo yenu mayiphile kuze kube-phakade.*

*Imikhawulo yonke yomhlaba iyakukhumbula iphendukele eNkosi: nezizukulwane zonke zezizwe ziyakukhuleka ebusweni* bayo.

*Ngokuba umbuso ungoweNkosi: yiyo ebusa izizwe.*

*Bonke abacebile bomhlaba bayakudla bakhuleke: bonke abehlela othulini bayakukhothama phambi kwayo: akakho ongaphilisa umphefumulo wayo.*

*Inzalo iyakumkhonza; isizukulwane esizayo siyakulandiswa ngayo iNkosi.*

*Bayakuza, bashumayele ukulunga kwayo kubantu* futhi bayaku. . .*siyakuzalwa, ngokuthi ikwenzile lokhu.*

10 INkosi ayenezele izibusiso zaYo ekufundweni kweZwi laYo. Ngifuna ukuthatha okwalomcimbi kulokhu ukusa, amagama amahlanu, futhi ngakulawomagama amahlanu ngizame ukuzwakalisa okusenhliziyweni yami, kinina bakhonzi kulokhu ukusa. Ngifuna lamagama amahlanu: *Ephila, Efa, Embelwa, Evuka, Eza.*

11 Futhi ngicabanga ukuthi imbongi yakuzwakalisa kahle eculweni, ngalokho engizothanda ukukusho, ngenkathi ibhala leliculo.

Ephila, Wangithanda; efa, Wangisindisa;
Embelwa, Wathwala izono zami waziyisa kude le;
Evuka, Walungisisa ngesihle phakade:
Ngolunye usuku Uyeza—o, usuku olukhazimulayo!

12 Yayingakaze ibe khona impilo eyake yaphilwa enjengeyaKhe, ngoba WayenguNkulunkulu ebonakaliswe enyameni ngenkathi Ezalwa. Wayengukuvezwa kwalokho uNkulunkulu uBaba ayikho. Futhi uNkulunkulu uBaba eluthando, khona-ke uJesu wayengukuvezwa okugcwele kothando. Wayeluthando kusukela kuso impela isikhathi sokuqala izandla zengane yaKhe encane zishaye izihlathi ezinhle zikamama waYo. Wayeluthando.

13 Futhi ngicabanga ukuthi namhlanje ukuthi yilapho abaningi ehluleka khona ukubona ukuthi Wayeluthando. "UNkulunkulu uluthando, nalabo abathandayo bazalwa nguNkulunkulu."

14 "UNkulunkulu walithanda izwe kangaka, okungukuthi, ongathandeki, waze Wanikela ngeNdodana yaKhe ezelwe yodwa, ukuba yilowo nalowo okholwa yiYo akayikubhubha, kodwa uyoba nokuPhila kuphakade."

15 Waveza uthando lwaKhe ngenkathi Elapha emhlabeni, ngezindlela eziningi kakhulu ezehlukene, sekuze kungaphikiseki ukuthi Wayeyisidalwa esithanda ukwedlula zonke ezake zaphila. Futhi ngicabanga ukuthi, empilweni

yaKhe lapha, Wayeveza uNkulunkulu. Futhi indlela kuphela uNkulunkulu angavezwa ngayo kubantu kungothando.

16 Futhi Wakwenza kahle lokhu ngenkathi Ebamba omunye wabesifazane ababi kakhulu kunabo bonke owayekhona osukwini lwaKhe, mhlampe. Bamthola nje enecala, futhi ingekho indlela yokuphuma, ngenkathi etholakala esekuphingeni. Base bemhudula bamenyusela phambi kwaKhe, base bethi, "Uthi akenzelweni na?"

17 Futhi lapho Ephendukela kuye, futhi, wathi, "Angikulahli. Hamba ungabe usona." Esikhundleni sokumphonsela ngaphandle emigwaqeni, ukuba ahudulelwe ngaphandle kuhle kwesigejane sezimpungushe phezu kwakhe, ukuba bamkhande ngamatshe futhi bathathe impilo yakhe; inhliziyo yaKhe ethambile, enomusa, ethandayo yehla yayongena phansi le esonweni ayekuso, wathi, "Angikulahli. Hamba nje ungabe usona."

18 Futhi ngenkathi Esendleleni yaKhe ehlela ethuneni likaLazaru, ngicabanga ukuthi leso kwakungesinye isikhathi esikhulu Aveza ngaso ukuthi uNkulunkulu uyini ezidalweni ezingabantu. Akusuye uNkulunkulu kuphela ongathethelela isono esiphansi kunazo zonke esingenziwa, bese ethatha abanecala futhi abenze bangabi nacala, ngothando lwaKhe oluxolelayo, kodwa emva kokuba ukufa sekusibeke ekuthuleni, Usalokhu ekhathazekile ngathi. Ngicabanga ukuthi Wakuveza kahle lokho esendleleni ehla noMarta noMariya, ngenkathi Efika endlini lapho ukufa kwase kuvalele impilo yomuntu othandekayo. Futhi esendleleni yaKhe eyehlela ethuneni, nokho, enguNkulunkulu, wazi ukuthi wayezoMvusa kwabafileyo, wazi ukuthi kwakushiwo kuYe ukuthi kuwo impela amaZwi aKhe kwakulele aMandla okumvusa ethuneni; nokho, ngenkathi Esebone uMarta noMariya nalabo ababemthanda uLazaru, bekhala, iBhayibheli lathi Wakhala izinyembezi. Kwakuyini na? Inhliziyo yaKhe ethandayo enkulu! Ngenkathi Esebone lowomuntu, nabangane baKhe—baKhe babesenkathazweni, Wakhathazeka kanye nabo.

19 Ngijabula kakhulu ukwazi ukuthi Angatholakala phakathi kwabanezinhliziyo ezaphukileyo. Ezinsizini zethu, Akasuye lowo ongasishiya. Uma ngakithi lapho konke sekwehlulekile, namathemba okugcina okufinyelela kwasemhlabeni esefike ekugcineni kwalo, Usalokhu enguNkulunkulu futhi Uyasithanda. Wayengukuveza kukaNkulunkulu.

20 Futhi, o, ngikholwa kanjani pho ukuthi Uyabalangazelela abantu baKhe ukuba bagcotshwe kakhulu ngoMoya waKhe, ukuthi besingaya komunye nomunye ezivivinyweni nasezinkathazweni, futhi sinikeze ukuveza kokuzwelana kwaKhe, lapho kuthululeka kuvela ezinhliziyweni zethu ezalwe ngoMoya waKhe, ukubonisa ebandleni uthando

lukaNkulunkulu ophilayo. Lokho kwaveza kahle lokho Akusho, noma, imbongi eyakusho, "Ephila, Wangithanda!"

21 Wakhombisa Akwenzayo esintwini sonke, indlela uNkulunkulu Ammela ngayo kuJesu Kristu. Waveza umbono waKhe esintwini, ukuthethelela nokuthanda labo ababengathandeki. Futhi ngiyazibuza, ngalokhu ukusa kwePhasika, ukuthi sisilele kangakanani kulokho. Besingathanda labo abasithandayo, kodwa Wathanda labo ababengaMthandi.

22 Wayengomkhulu kunabo bonke, ukumelwa kokuqala, kothando okwake kwashaya emhlabeni; futhi wedelelwa yilabo ababephila emhlabeni, Ayebathanda. Akukho-muntu owayengake athande njengaYe; futhi akukho-muntu owake wazondwa njengaYe. BaMzonda futhi baMedelela, futhi baMenqaba, kodwa akulumisanga uthando lwaKhe. Okokugcina, ngenkathi Elenga esiphambanweni, emva kokuba leyompilo Ayekade eyiphilile eyayikade ingenzanga lutho kuphela izinto ezinhle, ithethelela abanecala, iphulukisa abagulayo, futhi nje izinto ezazizinhle. Ngenkathi Waye... ukuphefumula kokugcina esiphambanweni, nenhlamba, izikhwehlela zokubhuqa, zalabo abama ngakhona, zilenga ebusweni baKhe obungcwele Wamemeza, ngenhliziyo egcwele uthando, "Baba, bathethelele, ngokuba abakwazi abakwenzayo."

23 Wayeqonda. EnguNkulunkulu, Uyaqonda. Yingakho Wakwazi ukusithanda lapho singathandeki, ngoba UnguNkulunkulu futhi Uyaqonda. "Ephila, Wangithanda." Ayikaze ibekhona impilo eyake yaphila njengakho, ngoba yayisongwe ngothando.

24 "Efa, Wangisindisa." Ukufa, ngenkathi eseNsimini yase-Edene, uNkulunkulu uJehova wayedinga, inhlawulo yesono ngukufa, futhi kwakungeke kubekhona-zichibiyelo. Kwakungeke kube ngenye indlela, okunakekelwa ngayo. Ngoba, uNkulunkulu uphakeme ukudlula konke, futhi Ungongenasiphelo, noMahluleli wawo onke amaZulu nomhlaba. Inhlawulo yesono ukufa, futhi kwakungekho namunye owayengakhokhela omunye lenhlawulo. Ngokuba wonke umuntu, nakuba wayengahle amfele omuny'umuntu, kodwa wayenecala kwasekuqaleni nje. Kwakungekho namunye wethu owayengasiza omunye, ngoba sonke sasinecala. "Sizalelwe esonweni, sabunjwa ebubini, sifika ezweni sikhuluma amanga." Futhi kwakungekho namkhwazana wethemba, akukho-ndawo. Sasilahlelwe ukufa, nguNkulunkulu, futhi sonke isidalwa esake sahamba emhlabeni sasiphansi kwalokhu ukulahlwa. Kwakungaba khona amadoda alungile avukayo futhi enze izinto ezinkulu, kodwa yayiyisoni kwasekuqaleni.

25 Kwakukhona indlela eyodwa kuphela kuso ukuba sikhokhelwe, nalokho kwakungukufa kukaNkulunkulu uqobo

lwaKhe. Ngakho uNkulunkulu, enguMoya, wayengeke afe, kodwa Wehla waba semzimbeni wenyama wase eZiveza empilweni yothando; ukuthatha konke lokho kulunga Ayeyikho, futhi akunikele ngokuzithandela njengoMhlatshelo ophakeme kakhulu, ukuze Athathe icala lonecala. Sonke siyizoni, futhi kungekho-ndlela ezweni kithi ukuba sike sisindiswe. Akezelanga khona kuphela ukuba abonwe emhlabeni, kodwa Wezela ukuzokufa njengoMhlatshelo.

26 U-Abela wakuveza ngenkathi enikela kuNkulunkulu ngomhlatshelo omuhle kakhulu kunokaKayini; ngenkathi eletha iwundlu elincane, nesigqunsu somvini wamagilebhisi uzongolozele entanyeni yalo, eliyisa edwaleni. Nakho kulele umfo omncane phezu kwedwala, wadonsela emuva isilevana salo, ne—nedwala, waligqonqa emqaleni walo omncane; futhi lalikhala futhi lifa, negazi litshaza, nesihluthu salo esincane esimhlophe saba ngesibhukude egazini. U-Abela waveza iKalvari lapho.

27 Ngenkathi iWundlu likaNkulunkulu, elihlatshiweyo kusukela ekusekelweni kwezwe, lafikela ukuzothatha indawo yezoni ezinecala, futhi lachotshozwa futhi lalinyazwa, futhi—futhi lahlekwa usulu futhi kwahlekiswa ngalo, futhi lafa ukufa okungekho sidalwa esasingakufa ngaphandle kukaNkulunkulu qobo lwaKhe, nesihluthu saLo esinegazi silenga emahlombe aLo, liconsela emhlabathini, liveza ukuthi isono siyinto embi kabi kanjani, ngenkathi Lalidingeka ukuba life ukuba lihlenge umuntu empilweni yesono. Akukho okwakungafa kanjalo. Akukho okwakungamela lokho kufa. Kwasho ukuthi, "Lapho begwaza ohlangothini lwaKhe, ukuthi, kwaphuma iGazi namanzi."

28 Sekube yisikhathi esithize esedlule, ngangikhuluma komunye ngalokhu. Futhi kwakungusosayense owathi, "Yinye kuphela indlela lokho okwakungenzeka ngayo. Futhi kwakungengenxa yomkhonto wamaRoma, owabangela ukuthi Afe; futhi kwakungesikho ukulahleka kweGazi, okwabangela ukuthi Afe, ngoba lalisekhona iGazi emzimbeni waKhe. OkwaMbulalayo, kwakungengenxa yomkhonto wamaRoma noma izipikili ezabethelwa ezandleni zaKhe, noma umqhele onameva abawubeka ekhanda laKhe. Kodwa ngoba... Wabulawa wubuhlungu bosizi, ngoba Weza kwabaKhe uQobo nabaKhe uQobo abaMemukelanga. Wabulawa wukudabuka enhliziyweni. Ngenkathi, Wayazi zona impela izidalwa zesikhathi, Ayezozifela ukuba azihlenge, zaziMphimisele ebusweni, futhi Wanqatshwa ngumuntu."

29 UDavide, iminyaka engamakhulu ayisishiyagalombili kungakenzeki, wamemeza ngalo impela iphimbo Amemeza ngalo eKalvari, "Nkulunkulu waMi, UNgishiyeleni na?"

30 Into embi kabi kangaka pho eyenziwa yisono, sehlukanisa umuntu kuNkulunkulu! Futhi Wayengumnikelo

wesono owawufanele unikelwe ngenxa yezono zethu. Futhi Wehlukaniswa noBukhona bukaNkulunkulu. Isono sasiMehlukanisile. UNkulunkulu wabeka izono zethu phezu kwaKhe, futhi Wehlukaniswa noNkulunkulu, futhi yingakho Amemeza, “UNgishiyeleni na?” Futhi ngoba Washiywa, futhi wayethathe lendawo, futhi wababona abantu baKhe, ukuthi Wayefikele ukuba abe nguMsindisi wabo nokubanika ukuPhila, babeMenqabile, futhi kwaMzwisa ubuhlungu bosizi, kanjalo, waze Wadabuka enhliziyweni kwaze kwathi iGazi namanzi, namakhemikhali omzimba waKhe, ehlukana.

31 Umuntu akasoze azi ukuthi lokho kwakuyini. Yingalesosizathu kwakungebe nanoyedwa owayengafa kanjalo. Angikhathali ukuthi ubungazwiswa ubuhlungu kakhulu kangakanani, ukuthi bebengazifaka kanjani izinyawo zakho esihlalweni oboshelwa kuso, noma bakusahe, ngamayintshi, noma bakushise ngamayintshi; ubungeke ufe lokho kufa, ngoba ukwakhiwa kwakho akufani nalokho. Wayefanele abe nguNkulunkulu. Wayefanele abenjalo, ngaphezu komuntu. Nokucabanga, ukuthi, uNkulunkulu wafa. Wabulawa ngukudabuka enhliziyweni, ngobuhlungu bosizi obunjalo ngenxa yezwe, kwaze kwathi ukusebenza kwekhemikhali okwenzeke emzimbeni waKhe okwakungeke kwenzeke kuwe. Ungeke uzwe ubuhlungu kanjalo. Ayikho indlela kuwe ukuba ube nalolohlobo lobuhlungu bosizi. Ngakho Munye kuphela owayengakwenza, futhi Wakwenza.

32 Nakho kulenga, lokho kuphila okuyigugu okwakungazi lutho kuphela uthando nokwenza okulungileyo, kwalenga lapho phakathi kwamaZulu nomhlaba, waphakanyiswa lapho, wahlutshulwa waba nqunu, waphoxwa. Cabanga ukuthi wawungabanjani, uhlutshulwe waba nqunu; ungeke wazi ukuphoxeka kulokho uNkulunkulu ayeyoba yikho, elenga lapho. Ngiyazi isiphambano esinesithombe esomfanekiso kaKristu sinento encane, njengokuthi babeMbhincile ngento ethile, kodwa abazange bakwenze lokho. Lokho nje kwembeswa nje esiphambanweni noma umdwebi wakubeka lapho. Bahlubula izingubo zaKhe kuYe. Wayekade embethe ingubo ende, futhi bayidabula kuYe base beyigembulela. Waphoxeka, kakhulu kakhulu. Nokho, enguNkulunkulu, wayefanele ame, nezoni zaMphimisela ebusweni. Nokho, eyi—yizo impela izinjulo zokuhlonipheka, wayefanele afe phambi komphakathi, wahlutshulwa waba nqunu. Ukuphatheka kanjalo nje okwaba njalo phezu kwaKhe, kwaze kwehlukanisa amanzi neGazi. Akumangalisi . . . ngicabanga ukuthi imbongi yakuveza kahle ngenkathi ithi:

> Amadwala aqhekezeka phakathi nezibhakabhaka ezimnyama,
> UMsindisi wami wagebisa ikhanda laKhe wafa;

Kodwa iveli evulekayo yembula indlela
Ezinjabulweni zaseZulwini nosuku olungapheliyo.

33 Impela, Wayefanele akwenze. Iveli lalenga phakathi komuntu noNkulunkulu, naleloveli elivulekayo lembula indlela eya ezinjabulweni zaseZulwini nosuku olungapheliyo. IKalvari lisho okuthize, lisho okungaphezu kwalokho ebesingakuveza. Impela.

Ephila, Wangithanda; efa, Wangisindisa;
Embelwa, Wathwala izono zami waziyisa kude le.

34 Sesilahliwe manje. Isono asisenakho ukubambelela. Ngenkathi Ememeza kakhulu esiphambanweni, "Kufeziwe," isono safa! Manje sesifile. Sekuphelile ngaso. Asinamandla. Asinakuphila. Kucabangeni nje, bantu. Lesosono, isitha ezidalweni ezingabantu, sifile futhi asinakuphila, asisenamsebenzi. Singeke. Akumangalisi ilanga lavala ukubona kwalo, izinkanyezi azikhanyanga, umhlaba waphenduka wabamnyama, kwakuhlengwe konke.

35 Manje sifile, simbelwe, asinakuphila. Asisenakuphila kuso, khona-ke sifanele simbelwe. Yini eyambelwa na? Umzimba kaNkulunkulu wembelwa, ngokuba kwakungumnikelo wesono. KwakuyiWundlu elishisiwe, lashiswa yimililo yobubi. LeloWundlu elingenasono elalingazi-sono, lowoNkulunkulu Owayengazi bubi; impilo yaKhe kwakunikelwe ngayo, futhi nakho kulenga umnikelo wesono. "Embelwa, Wathwala izono zami waziyisa kude le." Ufanele ambelwe. Umzimba, umnikelo wesono ufanele umbelwe.

36 Yingakho abaningi, emva kwesikhashana, bazohamba, ngamunye ngamunye, beze kulelichibi, ukuba babhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu. Ngani na? Kukhona into ethize eyenzekile. LowoMoya owaphuma kulowomzimba, ngenkathi Ememeza "Kufeziwe," usilahlile isono emizimbeni yethu. Futhi sifanele sisimbele, ukuba singabe sisakhunjulwa. Ngijabula kakhulu ukuthi sinjalo.

37 Lapho noma yini imbelwe, icashile, ayibonwa-muntu. "Futhi yembelwa, Wathwala izono zami waziyisa kude le." UNkulunkulu ngeke esazibona izono zethu, ngokuba zimbelwe. Zimbelwe kuphi na? OLwandle lokuKhohlwa. Cabanga ngoLwandle lokuKhohlwa! UNkulunkulu ngeke esazikhumbula, ngoba ziyikho kokubili zifile futhi zimbelwe. Ngeke ngisho sisakhunjulwa. Ziphumile enkumbulweni kaNkulunkulu.

38 Wayeyikho futhi u. . .kulokhu "ukumbelwa" Akufanekisa eTestamenteni eLidala. Babenababili. . .Babenomnikelo wesono ekuhlanzweni kwendawo engcwele. Nalowomnikelo wesono wawungukuthi babethathe izimbuzi ezimbili, nembuzi

eyodwa yabulawa; nenye imbuzi, yayinesono esasibekwa phezu kwembuzi efile sibekwe phezu kwembuzi ephilayo.

39 Khumbulani, uJesu wayeyiMvu. WayeyiWundlu, kodwa kulol udaba Uba yimbuzi. Wayengukulunga ngoba WayenguNkulunkulu, iMvu. Kodwa uba yimbuzi, isono, ukuze Abe ngumnikelo wesono sami nawe; esuka ekubeni yiMvu aye ekubeni yimbuzi.

40 Futhi uJesu wayefanekiswa ezilwaneni zombili, izimbuzi zombili: Ngokuba eyodwa, yafa—yafela ukubuyisana; eyesibili, izono ekubuyisaneni sasibekwa embuzini eyisesulelo, nembuzi eyisesulelo yathatha izono zabantu futhi yaya kude yayongena ehlane, ukuthwala izono zabantu. Kwakuyini na? Kwakungukufa nokumbelwa kweNkosi yethu uJesu. "Efa . . . Ephila, Wangithanda. Efa, Wangisindisa. Embelwa, Wathwala izono zami waziyisa kude le." Wathatha izono zabantu wazibeka phezu kwaKhe uqobo, futhi wazithwala waze wayozithi ngqu phansi endaweni ephansi kunazo zonke yamahayidese. Wayengumnikelo wesono. Wayenezono zabantu. Wafela bona. Kanti futhi izono sabekwa phezu kwaKhe, futhi Wathatha izono zethu waziyisa kude le, kude kakhulu ngangokuthi uNkulunkulu ubengeke esaphinde azibone. Kucabange nje! O, iBandla belingamemeza kakhulu, "Haleluya ngoMsindisi onjalo!"

41 Akusikho kuphela ukuthi izono zethu zithethelelwe, kodwa zimbelwe oLwandle lokuKhohlwa, ukuba zingabe zisakhunjulwa. "Embelwa, Wathwala izono zethu waziyisa kude le." Ngeke zisakhunjulwa, ngokuba sezihambile. Azisekho emehlweni kaNkulunkulu. Zikhubazekile. Sekwahlukenwe nazo. Zisusiwe. UNkulunkulu akasazikhumbuli. Ini? IBandla belifanele lithokoze kulokhu ukusa, ukwazi ukuthi izono zethu ngeke zisakhunjulwa. Zifakwe oLwandle lokuKhohlwa, zafakwa ethuneni langaleya kwanoma yikuphi ukuvuka. Zife kuze kube phakade, futhi kwakhohlwakala ngazo. Zinjengokuthi azikaze neze zenzeke. "Efa, Wangisindisa." Kodwa, "Embelwa, Wathwala izono zami waziyisa kude le." Wazithwala zaya kude kangangokuthi zaze zayongena oLwandle lokuKhohlwa. O! Siyazi ukuthi lezozinto zikholeka kakhulu ngempela phakathi kwethu, futhi ziyiQiniso kakhulu ngempela. Ziyiqiniso likaNkulunkulu. Zonke lezozinto ezinkulu zazingaleya kokuveza ngumuntu. Besingeke neze sakuveza ukubonga kwethu ezintweni ezinjalo.

42 Kodwa, o, leloPhasika! "Evuka, Walungisisa ngesihle phakade."

Ephila, Wangithanda; efa, Wangisindisa;
Embelwa, Wathwala izono zami waziyisa kude
le. (Lokho kwakulungile.)
Kodwa, evuka, Walungisisa.

43 Kwakuyini lokhu kuvuka na? Kwakuyirisidi kaNkulunkulu, ukuthi isikweletu sesikhokhiwe. "Evuka, Walungisisa ngesihle phakade." O, uMsindisi onje pho, evuka! Wayenzeni uNkulunkulu na? Umuntu angezwa ubuhlungu, umuntu angafa, umuntu angambelwa. Kodwa iPhasika lalingelikhulu ukwedlula konke, ngokuba lalingukuvumela kukaNkulunkulu, "Imithetho yaMi sekuhlangatshezwane nayo, izidingakalo zaMi sekuhlangatshezwane naso, nguYe lowo!" WaMvusa kwabafileyo! "Evuka, Walungisisa ngesihle phakade." Alibusiswe iGama laKhe eliNgcwele!

44 Akumangalisi kuletha amadlingozi! Akumangalisi inhliziyo yomuntu ingeke yakwazi ukukubamba! O, ngokukholwa kwethu okunqobayo singama ngaleya bese sithi, "Silungisiswe phakade, ngesihle," ngoba Wafa futhi wembelwa, noNkulunkulu wabuye waMvusa futhi ekuseni ngePhasika. Kwase kuthi-ke, uNkulunkulu wakhombisa ukuthi Lemukelwa, zonke izinto Azenza. Zonke izinto zikhokhelwe ngesihle, usungahamba ukhululekile manje! "Evuka, Walungisisa ngesihle phakade." O, akekho ongake aze angazi, ongake aze angacabangi ngalolosuku olukhulu ngenkathi Evuka! NeziNgelosi zakubona. EmaZulwini amazulu, iziNgelosi zahlabelela izindumiso zikaNkulunkulu, zathokoza; ngenkathi abangcwele beTastamente eLidala, eParadesi, bamemeza, "Haleluya!" "Evuka, Walungisisa." AmaZulu azamazama, umhlaba wazamazama, iparadesi lazamazama, neZulu lazamazama, ngenkathi leloPhimbo elikhulu lizwakala. Phezulu ethuneni Wavuka! "Evuka, Walungisisa ngesihle phakade." O, he!

45 Manje-ke abangcwele abafela kuYe bangacula leli, lapho sibuka lowomusa omangalisayo, ngaleya, Akwenzayo. Niyabo? Ukuvuma kukaNkulunkulu okunamekwe ngophawu! "Kuseyisikhashana nezwe ngeke lisaNgibona, nokho niyoNgibona nina, ngokuba Ngiyovuka kwabafileyo futhi ngibe nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe; njengokuqinisa, nokuqiniswa lokho uNkulunkulu athi kuyiqiniso, nalokho engikushoyo ukuthi kuyiqiniso," kwasho uJesu. "Ngiyofika ngesimo sikaMoya oNgcwele. Ngizokwenza ukuhlala kwaMi kube nani, futhi ngihlale nani phakade." Khona-ke abangcwele onalelothemba lokuvuka enhliziyweni yabo, bangacula leliculo:

> Ngalokho kusa oku'the bha lapho abafele kuKristu beyovuka,
> Babelane nenkazimulo yokuvuka kwaKhe;
> Lapho abakhethiweyo baKhe beyobuthana eKhaya labo ngapheseya kwesibhakabhaka, (nesiqiniseko esiphelele, noPhawu lukaNkulunkulu, nerisidi ebhaliwe evela kuNkulunkulu qobo lwaKhe)

Nxa ebizwa amagama phezulu laphaya,
ngobakhona. (O, woza masinya!)

O, akumangalisi bathi:

Ephila, Wangithanda; efa, Wangisindisa;
Embelwa, Wathwala izono zami waziyisa kude
le. (O!)
Evuka, Walungisisa ngesihle phakade.

46 Izono zixolelwe. Yonke lemihlatshelo ngabe yaba yinsumansumane, yonke lemihlatshelo ngabe yehluleka. Kodwa ekuseni ngePhasika, ngenkathi Evuka, uNkulunkulu wafakazisa ukuthi WaLemukela. Akumangalisi, kuletha inhliziyo yomuntu kuhaleluya! Akumangalisi kwenza amadoda ame ebusweni bokufa! Kwenza abantu babize lezozinto ezingekho, ngokungathi zikhona! Kodwa ngani na? "Evuka, Walungisisa." Wazi kanjani ukuthi Uvukile na? Isizathu, Uvukile ezinhliziyweni zethu, walungisisa ngesihle phakade!

47 Ezinsukwini ezingamashumi amane kamuva, ngenkathi Emile, ekhuluma kubantwana baKhe, amandla adonsela phansi aqala ukulahlekelwa ngukubamba kwawo. Imisebenzi wafezwa. Inhlawulo yakhokhwa. Wayenerisidi esandleni saKhe. Kwakuyirisidi kaNkulunkulu. Wayenabantwana, iBandla, amakholwa. Sonke isono sanqotshwa. Indlela yezinyawo yenziwa yacaca. Wayengasenakuhlala emhlabeni. Yini esibamba lapha na? Amandla adonsela phansi. Amandla adonsela phansi aqala ukunqamuka, alahlekelwa wukubamba kwawo ngqi. Ngani na? Kwase kuphelile konke ngalesosikhathi. Kwenzekani na? Uqala ukuvuka emhlabeni.

48 "Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo," kuvela ukuzwakalisa kwezindebe zaKhe. "Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo. Okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa, ongakholwa uyakulahlwa. Nalezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. NgeGama laMi bayakukhipha imimoya emibi. Bayakukhuluma ngezilimi ezintsha. Uma bephatha izinyoka noma baphuze okubulalayo, akuyikubalimaza. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda. Ngoba Ngiyaphila . . . Amandla adonsela phansi agqashukile asuka kiMi. Isono sasingenakubambelela. Nganifela. UNkulunkulu wakufakazisa, futhi unikeza irisidi yokuvuka. Futhi ngoba Ngiphila mina, nani niyaphila! Ngolunye usuku Ngizobuya."

49 "Ngolunye usuku Uyeza, o, usuku olukhazimulayo!" Khonake, ini? Ephila, efa, embelwa, evuka, eza, ithemba leBandla namhlanje!

Ephila, Wangithanda; efa, Wangisindisa;
Embelwa, Wathwala izono zami waziyisa kude
le;

Evuka, Walungisisa ngesihle phakade:
Ngolunye usuku Uyeza—o, usuku oluyinkazimulo kanje pho!

Kwakuyini na? Izinto ezinhlanu ezinhlamvini zamagama ezinhlanu, u-J-e-s-u.

Ephila, Wangithanda; efa, Wangisindisa;
Embelwa, Wathwala izono zami waziyisa kude le.
Evuka, Walungisisa ngesihle phakade;
Ngolunye usuku Uyeza—o, usuku oluyinkazimulo kanje pho!

50 Sibheke ukuFika kwaKhe kwesiBili!

Futhi ngolunye kwalokhu ukusa oku'the bha lapho abafele kuKristu beyovuka,
Futhi babelane inkazimulo yalokho kuvuka;
Lapho abakhethiweyo baKhe beyobuthana ezindlini zabo ngale kwesibhakabhaka,
Nxa ebizwa amagama phezulu laphaya, ngoba khona.

Ngani na? Nginerisidi. Wavuka! Wazi kanjani na? Uphila enhliziyweni yami. Uphila enhliziyweni yebandla laKhe elikholwayo.

51 Kucabangeni, bangane. Ichibi lizobe selilungele emizuzwini embalwa nje, namanzi afudumele, kwenzelwe inkonzo yombhaphathizo, masinya nje lapho sibuya.

Asikhothamise amakhanda ethu manje okomzuzwana nje.

52 Ngiyazibuza namhlanje, uma ekhona phakathi kwethu, noma abaningi ongakawuthokozeli okwamanje loMhlatshelo ngokwanele ukuba aWemukele, futhi ungathanda ukukhunjulwa emkhulekweni, ukuthi uNkulunkulu uzokhuluma ngokuxakile enhliziyweni yakho, ukuthi uzowemukela uMhlatshelo waKhe, ukuhlanzwa komphefumulo wakho.

53 Futhi khumbulani ukuthi namhlanje sigubha hhayi nje isikhathi sokufaka izigqoko ezintsha nezingubo ezintsha; okungukuthi kulungile, kuyisifanekiso sento ethize entsha. UNkulunkulu wenza into ethize entsha. Okungukuthi, kulungile. Akusikho lokho kuphela. IPhasika alichazi khona lokho. Noma ukuzingela onogwaja bePhasika noma amaqanda angonogwaja, nezinkukhu ezincane ezimhlophe, kanjalo kanjalo, akusiwo umqondo lowo, mfowethu.

54 IPhasika lingukunqoba, kungukunqoba uNkulunkulu akunikeza phezu komhlaba, ukuthi Wavusa iNdodana yaKhe uQobo kwabafileyo. "Ukuba yilowo nalowo okholwa yiYo, akayikubhubha, kodwa abe nokuPhila okuPhakade."

55 Ukuvuka kungaba sempilweni yakho uqobo. Uma ungenakho, ungaphakamisela isandla sakho kuYe kulokhu ukusa, usakhothamise ikhanda lakho, usho ngalokhu, "Nkulunkulu, ngikhumbule, ukuthi lokho kuPhila kokuvuka, kwangathi beKungaba khona enhliziyweni yami." Ungasiphakamisa isandla sakho bese uthi, "Ngikhulekele, Mfowethu Branham, njengoba ngiphakamisa isandla sami"? INkosi ikubusise. INkosi ikubusise. Ngabe ukhona omunye ozophakamisa isandla sakho, uthi, "Ngikhulekele, mfowethu, ngifuna ukukwemukela lokhu kuPhila kokuvuka"?

Ngalokho kusa oku'the bha . . .

Cabanga ngakho manje ngenkathi sisa . . .? . . .

. . . kuKristu bayovuka,
Babelane nenkazimulo yokuvuka kwaKhe;
Lapho abakhethiweyo sebebuthene ngaphesheya koGu,
Nxa ebizwa amagama phezulu laphaya, ngoba khona.

Nxa ebizwa amagama phezulu laphaya,
Nxa ebizwa amagama phezulu laphaya,
Manje uma ungenaso isiqiniseko, lungisa, manje.

. . . bizwa laphaya,
Nxa ebizwa amagama phezulu laphaya, ngoba khona.

Asisebenzeleni iNkosi kusukela . . . (Lokhu ngokwenu bangcwele.) . . . ilanga,
Asikhulume . . .

56 Manje, nina eningamaKristu, ofuna ukwenza isifungo kuNkulunkulu, ukusebenza kakhulu; woza wehle, phakamisela isandla sakho kuYe.

Futhi nxa amagama ebizwa phezulu laphaya, ngoba khona. (INkosi ikubusise.)

Nxa ebizwa amagama . . . (Nxa ebizwa amagama phezulu laphaya, ngiyoba khona,)
Nxa ebizwa amagama phezulu laphaya,
Nxa ebizwa amagama phezulu laphaya,
Nxa ebizwa amagama phezulu laphaya, ngoba khona.

57 Nkulunkulu othandekayo, Ubone zonke izinhliziyo phakathi lapha, futhi Uyazazi izinjongo nezimpokophelo. Futhi ngikhulekela isihawu. Nkulunkulu, siphe khona, ukuthi isihawu sizakubonakaliswa kulababantu. Bezile kulokhu ukusa kulelihora lokukhonza. Beze ku—kulendawo ukuzwa iZwi laKho.

58 Futhi njengoba sikhulumile lokho, ngenkathi Uphila, yayingakaze ibekhona impilo enjengeyaKho. Ufa, WawunguYe kuphela Owayengafa ngaleyondlela. Ngenkathi Umbelwa, Wathwala izono zethu waziyisa kude le; unezono zabantu phezu kwaKho, Wazithatha waziyisa oLwandle lokuKhohlwa. Kodwa, ekuvukeni, Walungisisa ngesihle phakade. Futhi simile, namhlanje, silinde ukuFika kwaKho.

59 Nkulunkulu, babusise. Sisize. Siyaqonda ukuthi asisenaso esinye isikhathi esiningi kakhulu, ngoba nje sekusemnyango. Futhi noma yini. . .Futhi ihora elilodwa kusukela manje, ngokososayense, izizwe zingabe sezingasekho. Futhi siyakhuleka, Nkulunkulu, njengoba simile, lokhu kusa kwePhasika phezu kombundu wokuFika kwaKhe, ithemba leBandla. Izinkulungwane eziningi zilele ngaleya othulini lomhlaba, zilinde lelohora, imiphefumulo yazo ngaphansi kwe-altare, imemeza, "Koze kube nini, Nkosi na? Koze kube nini na?" Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzokhuluma kithi. Futhi asikhumbule ukuthi akunandaba ukuthi yini esike siyenze lapha emhlabeni, kuncane kabi. Futhi into kuphela esingayenza manje, kungukulindela ukuFika kwaKho, futhi sitshele wonke umuntu. UMlayezo uyaphuthuma. Kwangathi singawufinyelelisa kubantu, ngokushesha, ukuthi Ungahle ufike noma ngasiphi isikhathi. Ngaphambi kokuba lamabhomu abakhuluma ngawo, nalemicibisholo ejikijelwayo, engaba yizihlambi zezinkulungwane zayo inqwabelane phezu komhlaba ngesikhathi esiwumzuzu owodwa; ngaphambi kokuba kwenzeke lokho, Wethembise ukufika, Nkosi, uthathe abantu baKho. Kuyoba ngaleyondlela, Nkosi. Ngakho, impela noma ngamuphi umzuzu, kungaba khona ukuvuka, iPhasika leBandla; ukuvuka kulokhu ukuphila okunesono, siye ekuPhileni okuPhakade, ngoKristu. Yizwa imikhuleko yethu.

60 Futhi namhlanje, njengoba siqhubeka siyongena kwezinye izinkonzo, ekufundiseni kukaSonto sikole, O Nkosi, khuluma futhi, futhi kwangathi izinhliziyo eziningi zingexwayiswa ngokuyinqaba. Futhi kwangathi bangeza ngedazini, kulelichibi kulokhu ukusa, lokhu ukusa kwePhasika, ukuba bambelwe neNkosi uJesu, bemukela uMhlatshelo waYo. Akunandaba ukuthi babandla lini, noma yiliphi ihlelo lenkolo yezenkolo abahlanganyela nalo, lokho akusho lutho. Kodwa ngabe bawemukelile yini lowoMhlatshelo na? Ngabe bayakuvuma yini ukuthi abalungile, ukuthi uJesu wayenguYe kuphela owayelungile na? Futhi Wafela thina, esikhundleni sethu. Futhi Wathatha izono zethu futhi wazimbela, futhi thina simi sodwa kuYe. Amabandla ethu angeke azimbela izono zethu, ukuphila kwethu uqobo ngeke kwazimbela izono zethu, kodwa uKristu wembela izono zethu oLwandle lokuKhohlwa. Nkulunkulu, siphe manje ukuthi lezizinto zizoba yinkazimulo ebusweni baKho.

61 Bese kuthi-ke kulobubusuku, Nkosi, kwangathi Ungeza ngamandla okuvuka kwaKho, bese uzamazamisa lendawo encane kube sengathi ayikaze izanyazanyiswe. Kwangathi izibonakaliso nezimanga kungabonakala. Kuphinde, njengoba kwakunjalo emaSontweni athi awabe mabili edlule, Nkosi, lapho abagulayo nabahluphekile uphulukiswe ngokumangalisayo. Sikhulekela ukuthi kuzobanjalo futhi kulobubusuku, ngenxa yenkazimulo yaKho, Nkosi.

62 Sithethelele eziphambekweni zethu manje, Nkosi, futhi kwangathi leli, kungaba yiPhasika langempela kwabanye bethu, iPhasika langempela lethu sonke. Nabanye balabo abangakaze bazi ukuthi izibusiso zePhasika kwakuyini, kwangathi kungaba namhlanje lapho uKristu evuka khona enhliziyweni yabo, nethemba elisha, nokuPhila okusha. Bakhombe eKalvari. Ngokuba sikucela, eGameni likaJesu. Amen.

63 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . ukuba nalesi isikhathi sokuhlangana. Bangaki kini abathanda iNkosi na? Phakamisa isandla sakho nje. O, he, lokho kuyamangalisa!

64 Ngiyezwa unengane ezobusiswa, Mfowethu McDowell. Uzobuyela inkonzo kaSonto sikole, ungakwenza na? Kulungile, lokho kuzoba kuhle. Kungalenkathi esizobusisa ngayo izingane kanjalonjalo, ngalesosikhathi, uma ungenankinga, lokho kulungile.

65 Futhi ngakho manje sizokhulula izethameli imizuzwana embalwa, ukuze nikwazi ukuya ezindaweni zenu bese niba nokudla kwenu kwasekuseni, bese niyabuya futhi. Siyajabula ukuthi benilapha.

66 Futhi manje, asime nje. Naleloculo elifanayo esibe nalo emizuzwaneni embalwa edlule, "Ngalokho ok'the bha . . ." Bangaki onalelothemba kubo na? Asinibone niphakamisa izandla zenu. Sukumani.

> . . . ok'the bha . . .

Liculeni manje.

> . . . lapho abafele kuKristu beyakuvuka,
> Babelane nenkazimulo yokuvuka kwaKhe;
> Lapho abasindisiwe bomhlaba beyobuthana ngakolunye uHlongothi,
> Futhi nxa ebizwa amagama phezulu, ngiyoba khona.
>
> Nxa ebizwa amagama phezulu laphaya,
> Nxa ebizwa amagama phezulu laphaya,
> Nxa ebizwa amagama phezulu laphaya,
> Nxa ebizwa amagama phezulu laphaya, ngoba khona.

67 Manje, ngenkathi sisacula ivesi elilandelayo:

Masisebenzele iNkosi, kusukela ekuntweleni kokusa lize liyoshona,
Asikhulume, (hhayi ngezinto zezwe kodwa,) asikhulume ngazo zonke izimangaliso zaKhe, uthando nokunakekela.

Ngenkathi senza lokhu, xhawulana nothile ngemuva kwakho, phambi kwakho, eceleni kwakho. Sonke masikwenze lokho manje. Sithi, "Sawubona, mngane ongumKristu, ngiyajabula ukuba nawe ebandleni." Kulungile.

Masisebenzeleni iNkosi kusukela . . .
. . . ngalo lonke uthando lwaKhe olumangalisayo nokunakekela;
Khona-ke nxa konke okokuphila sekuphelile, nomsebenzi wethu emhlabeni sewenziwe,
Futhi nxa ebizwa amagama laphaya, ngiyoba khona.

Nxa ebizwa amagama phezulu laphaya,
Nxa amagama . . .
. . . laphaya,
Nxa ebizwa amagama phezulu laphaya, ngiyoba khona.

Ngani? Siyoba khona kanjani lapho na? Ngoba:

Ephila, Wangithanda; efa, Wangisindisa;
Embelwa, Wathwala izono zami waziyisa kude le;
Evuka, Walungisisa ngesihle phakade:
Ngelinye ilanga Uyeza—o, usuku olukhazimulayo.

Nxa ebizwa amagama laphaya, ngiyoba khona. (Sinerisidi.)

. . . amagama . . . laphaya,
Nxa ebizwa amagama phezulu laphaya,
Nxa ebizwa amagama phezulu laphaya,
Nxa ebizwa amagama phezulu laphaya, ngoba khona.

Asikhothamise amakhanda ethu.

68 Nkosi, ukusa oku'the bha, lapho sibona uthingo lwenkosazana olukhulu lufika esibhakabhakeni (Isibonakaliso sikaNkulunkulu sesivumelwano, isivumelwano sangunaphakade: Usigcinile isithembiso saKhe.) khona-ke sizobheka, siza, namatshe amathuna azobe ehlehla nyovane, futhi labo abalele othulini lomhlaba bayovuka ukuze babelane ngenkazimulo yePhasika lokuqala ngaYe, Owenza kwenzeka, iNkosi yethu. NgiyaKubonga ngalokho, Nkosi. Ngijabula kakhulu, Nkosi, lelothemba lilele esifubeni sami. Ngokuba ngibona amahlombe ami eqhotha, Nkosi, futhi—futhi iminyaka

iqala ukukhasa; Ngiphezulu esiqongweni segquma, ngibuka ngaleya manje. Nkosi, ngijabula kakhulu ukuthi lelo themba liyavutha ngaphakathi kimi. Ngolunye usuku Uzofika. Ngijabula kakhulu ukuthi baningi lapha namuhla abazizwa ngendlela efanayo.

69 Ngiyakhuleka, Nkosi, ukuthi Uzosipha usuku olukhulu, namuhla, usithethelela zonke iziphambeko zethu, njengoba sivuma amaphutha ethu, futhi sivuma ukuthi asifanelekile. Kodwa ukufa kukaKristu, ukumbelwa, ukuvuka, kwafakazelwa kithi ngoMoya waKhe ovuswe ezinhliziyweni zethu, esenza abahlanganyeli ekuvukeni kwaKhe, futhi sinesibambiso sokuvuka kwethu ezinhliziyweni zethu manje. Ngoba esonweni, sifile, futhi singene ekuphileni okusha, futhi sivukile ezintweni ezindala zezwe saya ekuPhileni okusha. Kuyisibambiso, idiphozi, O Nkosi, yisi—yisibambiso sokuvuka kwethu.

70 Sijabule kakhulu ukukuzwa futhi sikujabulele komunye nomunye. Lezizinto, siziphethe njengengcebo enkulu yezinhliziyo zethu, into ethize okungekho-mali ebingayithenga, umhlaba ongeke uyisuse, ngoba uNkulunkulu wasinika ngesihle, ngesihle njengoba nje uKristu akufela.

71 Manje, siyakhuleka ukuthi Uzoba nathi kulokhu ukusa. Sisize, manje, futhi siphumule imizuzwana embalwa, futhi sibuyele emuva. Sinikeze inkonzo enhle elandelayo. Ngokuba siyakucela, eGameni laKhe, Owasifundisa ukukhuleka ndawonye:

> Baba wethu oseZulwini, Malingcweliswe iGama laKho.
> UMbuso waKho mawufike. Intando yaKho mayenziwe emhlabeni, njengaseZulwini.
> Usiphe namuhla isinkwa sethu semihla ngemihla.
> Futhi usithethelele amacala ethu, njengoba nathi sibathethelela abanecala kithi.
> Futhi ungasingenisi ekulingweni, kodwa usikhulule kokubi; ngokuba uMbuso ungowaKho, namandla, nenkazimulo, kuze kube phakade. Amen.

72 INkosi inibusise, manje, size sinibone futhi, cishe nge... ligamenxe elesishagalolunye. Xhawulanani omunye nomunye; futhi sizonibona ligamenxe elesishiyagalolunye.

